PBO 930022142 NPO 049-191

Iziqondiso/Uhla Ongalusebenzisa ekukhetheni isikhungo sokunakekela sesikhathi eside

Ukufinyeleleka kwaleli khaya

- Ingabe liseduze nomndeni nabangane?
- Ingabe kuphephile ukusuka kulo ngezinyawo uye: endaweni yokukhulekela; ezitolo; ebhange, eposini?
- Ingabe liseduze nemisebenzi yomphakathi abahlala kulo abasabandakanyeke kuyo?
- Ingabe lisendaweni abayijwayele noma endaweni entsha?
- Ingabe lisendaweni ephephile?

Umuzwa Obe Nawo Uqala Ukulibona

- Wamukeleka kanjani lapho ufika ungalindelwe?
- Ingabe abasebenzi babenobungane?
- Ingabe liphephile, lihlanzekile futhi lihlotshiswe ngobunono?
- Ingabe kunephunga eliphawulekayo (ikakhulukazi lomchamo)?
- Ingabe abahlala kulo babonakala bejabule futhi bematasa noma ingabe bayahlale nje bagqolozele ize?
- Ubabonile yini abasebenzi behlezi nabahlala khona bexoxa?

- Ingabe bakhona abahlala khona ababeboshelwe ezihlalweni?

Imithetho Neziqondiso

- Bheka ukuthi leli khaya linayo yini ilayisense futhi libhalisiwe.
- Uyayithanda yini imithetho neziqondiso zaleli khaya?
- Ingabe linemithetho eqine kakhulu?
- Ingabe abahlala khona kumelwe balale ngezikhathi ezinqunyiwe?
- Ingabe imithetho yezikhathi zokuvakasha isebenza ngendlela eqinile?
- Iyiphi inqubo-mgomo ngokuvimbela ukugcaluza kwabahlala khona ababuthaka emzimbeni?

Ref. cbonita.brinkster.net

Izimali

- Uzokwazi yini ukukhokhela izimali zokuhlala kuleli khaya?
- Yenyuswa ngamalini le mali unyaka ngamunye?
- Uyokwazi yini ukukhokha le mali isikhathi esingaziwa?
- Uma unomshwalense wezokwelapha / wokukhubazeka – lowo mshwalense
- uyokwazi yini ukukhokhela izindleko zaleli khaya?Ingabe kunezinye izindleko kuleli khaya ezingeyona ingxenye yemali ekhokhwa nyanga zonke?

Abahlala Khona

- Sikhona yini isigungu sabahlali?
- Ikhona yini imigudu abahlali abangayisebenzisa lapho benezikhalazo? Ukhona yini umlamuleli?
- Ingabe abahlala khona bakhuthazwa ukuba bazigcine bematasa ngokomzimba nangokwengqondo nokuba banakekele izidingo zabo lapho kungenzeka futhi kufaneleka khona?

- Ingabe abahlala khona bayavunyelwa ukuba basize ngemisebenzi eyenziwa kuleli khaya?
- Ingabe abasebenzi bababiza ngamagama abahlala khona?
- Ingabe abanye abahlala khona babonakala benobungane?
- Ingabe lixube abesilisa nabesifazane?
- Ingabe abahlala khona bayakhuthazwa ukuba baphume emakamelweni abo emini noma ingabe bayaphoqwa?

Abasebenzi

- Kudingeka kube nokuxhumana okusezingeni eliphakeme phakathi kwabasebenzi nabahlali.
- Ingabe abasebenzi baleli khaya besula njalo emsebenzini?
- Ingabe kuba nabanakekeli abanele abasebenzayo kuleyo naleyo shifu?
- Yibaphi abasebenzi abasuke bekhona abangatholakala ngokushayelwa ucingo amahora angu-24 ngosuku?
- Ingabe abasebenzi bathola ukuqeqeshwa okuqhubekayo?

Ukuqwasha Ngokuphepha/Izinqubo Zezimo Eziphuthumayo

- Zikhona yini izindawo ezingenazitebhisi zabahamba ngezihlalo eziqhutshwayo kuyo yonke indawo zokungena kuleli khaya, futhi ingabe bayakwazi ukungena kalula?
- Ingabe kunokukhanya okwanele kuleli khaya?
- Ingabe kunezinsimbi zokuphepha ezibiyele amaphaseshi?
- Ingabe iphansi alisheleli?
- Ingabe zikhona izinkinobho zalapho wethukile ezifinyeleleka kalula?
- Ingabe kunokukhanya okwanele emaphaseshi nasezitebhisini ezingaphakathi?
- Ingabe likhona ikheshe uma leli khaya liyisitezi?
- Ikhona yini inqubo ehlelelwe ukuphuma esakhiweni esimweni esiphuthumayo?

- Ingabe izicima-mlilo ziyabonakala futhi zifinyeleleka kalula?
- Zikhona yini izinhlabamkhosi ezikhalayo lapho kuba nentuthu?
- Ziyaba khona yini izikhathi zokuqwashiswa ngomlilo nokulingisa ukuphuma ngokushesha lapho kuba nomlilo kuleli khaya?
- Ingabe lixhunywe nenkampani yonogada abahlomile?
- Imaphi amanye amalungiselelo ezokulondeka akhona kuleli khaya?
- Ingabe leli khaya lilondekile ngokuphathelene nokuqashwa kwabangenayo esangweni futhi kunothango olubiyele, njll.?
- Imaphi amalungiselelo ezokwelapha ezimweni eziphuthumayo akhona kuleli khaya?
- Ingabe zikhona izisefo ezingasetshenziswa abahlala khona?
- Ingabe zikhona izinhlabamkhosi eziphathwayo abahlala khona abangazisebenzisa ezimweni eziphuthumayo lapho bengaphandle kwesakhiwo?

Ukuxhaswa kwaleli khaya ngokwezimali

- Obani abangabaxhasi abakhulu baleli khaya ngokwezimali?
- Ingabe yinhlangano efuna inzuzo noma inhlangano engatholi-nzuzo?
- Ingabe ikhona yini indlela yokulekelelwa ngokwezimali (kwalowo odinga ukunakekelwa kwababuthaka ngokomzimba noma okunye ukunakekelwa okwengeziwe) uma umhlali engenamandla okukhokha?
- Ingabe lixhaswe yisikimu sokuqinisekisa ukuphila okungcono?

Amakamelo Okulala

- Uyakwazi yini ukubona ngaphandle uma usekamelweni?
- Ingabe kunokukhanya okwanele?
- Ingabe kunenkinga yomswakama ekamelweni?
- Ingabe amakamelo anayo noma awanayo ifenisha?

- Ingabe yikamelo elilodwa noma amabili?
- Ingabe abahlala khona bavunyelwe ukuba negedlela,umshini wokwenza uthosi, njll, ekamelweni?
- Ingabe kunamapulagi anele ekamelweni (esibani esiba seceleni kombhede, igedlela, umsakazo, umshini wokomisa izinwele, njll.) kungenjalo, ingabe kuvunyelwe ukusebenzisa i-*adapter*?
- Ingabe ikhona insimbi/ inkinobho yenhlabamkhosi ekamelweni ongayisebenzisa uma kuba nesimo esiphuthumayo ekamelweni?
- Ingabe kunamakhabethe namashalofu anele kuleli kamelo?
- Iyiphi ifenisha nezinto zomuntu siqu ezivunyelwe?
- Ingabe abahlala khona bavunyelwe ukuzifakela ucingo lwabo siqu emakamelweni abo?
- Ingabe izivakashi zivunyelwe ukungena emakamelweni?
- Ingaba abahlala khona bayiselwa ukudla emakamelweni abo uma bengazizwa kahle?

Izindlu zokugezela

- Ingabe umhlali uneyakhe noma iyahlanganyelwa?
- Kunobhavu/ishawa noma kokubili?
- Ikhona yini inkinobho yenhlabamkhosi endlini yokugezela?
- Ingabe ifanelekela umuntu omdala (ngamanye amazwi ingabe iye yalungiswa ngokwezidingo zomuntu omdala) – ngokwesibonelo, iphansi lobhavu alisheleli, kunezibambo, izinsimbi ezisemaceleni zokubambelela, izihlalo emashaweni, njll.
- Ingabe kulula ukufinyelela isihlalo sabakhubazekile endlini yokugezela?
- Lukhona yini usizo lokugeza noma lokushawa abahlala khona abangadingi ukunakekelwa kwababuthaka emzimbeni abangaluthola, uma kudingeka?

Amakhishi, Ukudla Neziphuzo

- Kudliwa ngaziphi izikhathi?

- Ingabe ukudla kwakhona kungokwezinga eliphakeme futhi kunhlobonhlobo?
- Ingabe ayenziwa amalungiselelo alabo abadinga ukudla okukhethekile (ngokwesib. Ukudla okunephrotheni ephakeme; kwabanesifo sikashukela; okungenamafutha; kwesiJuda; kwabangayidli inyama; kwesiSulumane; njll.)
- Ingabe linaye umeluleki wezokudla?
- Ingabe ukudla kwamasonto onke kunhlobonhlobo, futhi ingabe kuyashintshwa njalo?
- Ingabe aba khona amanandi angemva noma izithelo ekudleni kwansuku zonke?
- Ingabe banikwa ukudla okwanele? Ingabe kuvunyelwe ukuphinda?
- Ingabe kunendawo eseceleni yokulungisa ukudla / yokugeza izitsha neyokulahla udoti?
- Ingabe izivakashi zivunyelwe ukudlela endlini yokudlela? Kubiza malini?
- Kuyenzeka yini kube nezidlo ezikhethekile (e.g. Ngamaholidi enkolo, ngezinsuku zokuzalwa, njll.)?
- Ingabe abahlala khona bayanikwa ukudla abazokuphatha uma bezobe bengekho ngalolo suku?
- Ingabe itiye litholakala njalo yini kuleli khaya (ngokwesib. Ekuseni nantambama) futhi ingabe liphelezelwa okuthile?
- Ingabe utshwala buvunyelwe emagcekeni aleli khaya?

Ingadi

- Ikhona yini ingadi?
- Ingabe ingadi ifinyeleleka kalula futhi abahlali bayakwazi ukuya kuyo?
- Ingabe abahlali abakwaziyo ukusebenza bayakhuthazwa ukusiza engadini?
- Akhona yini amabhentshi ngaphandle?
- Ingabe ikhona indledlana efanele nephephile yokuhamba engadini? Zikhona yini izinto ezibiyele le ndlela?
- Ingabe ingadi iyakhanyiswa ebusuku?

Yiziphi ezinye izinsiza ezinikezwa yileli khaya?

- Udokotela onakekela izinyawo?
- Indawo yokucwala/yokugunda izinwele?
- Abelapha ngokubhucunga umzimba nangokuwugcoba amakha athile noma ezinye izindlela zokwelapha?
- Isitodlwana noma inkantini?
- Umtholampilo wasemini noma amagumbi okuhlolwa?
- Abahlala khona bayanikezwa yini imithi uma beyidinga nakuba bengebona abadinga uKunakekelwa Kwababuthaka?
- Yiziphi ezinye izinkonzo zochwepheshe ezitholakalayo (isib. AbeZenhlalakahle; Abelapha Ngokufundisa Imisebenzana Yokuzigcina Umatasa; oDokotela Abelapha Ngokuvivinyisa Umzimba; aBeluleka Ngendlela Yokukhuluma)
- Ukhona yini udokotela ongase athintwe uma kunezimo eziphuthumayo?
- Akhona yini amakamelo abahlali abangenza izinto ezithile kuwo?
- Ingabe ukhona umsebenzi wansuku zonke nezimiso zokuvivinya umzimba zabahlala khona?
- Ingabe abahlala khona bakhuthazwa ukuba bafunde amakhono amasha?
- Abahlala khona bayahlelelwa yini uhambo lokuyobuka izindawo, ukushaywa umoya, izifundo, izinkulumo namabhayisikobho?
- Umphakathi uyazibandakanya yini ngandlela-thile naleli khaya?
- Ingabe akhona amavolontiya asizayo kuleli khaya?
- Likhona yini ikamelo lokuhlala elinethelevishini nelingenayo? Ingabe ithelevishini ivulelwa usuku lonke?
- Ikhona yini ithelevishini enendishi yeziteshi ezikhokhelwayo?

Ukusondelana Nezikhathi Zokuba Wedwa

- Ingabe abashadile bayavunyelwa ukuhlala ekamelweni elilodwa?

- Ingabe abahlala khona bavunyelwe ukuya ocansini kuleli khaya?
- Ingabe abahlala khona bayanikezwa izikhathi zokuba bodwa kuleli khaya?
- Ingabe abasebenzi bayangqongqoza ngaphambi kokungena emakamelweni?
- Ingabe bayavunyelwa ukuba bodwa lapho bephendula noma beshaya izingcingo?
- Ingabe ikhona indawo yezivakashi ezingaba zodwa kuyo nomhlali ohlanganyela ikamelo nomunye?

Izivakashi

- Ingabe abahlala khona bavunyelwe ukuphuma ngezinsuku ezithile/ngezimpelasonto nangamaholidi?
- Ingabe izivakashi zivunyelwe ukuvakasha nganoma isiphi isikhathi noma kumelwe zize kuphela ngezikhathi zokuvakasha?
- Likhona yini igumbi elenzelwe izivakashi?
- Ingabe izivakashi kumelwe zisayine lapho zifika?
- Ingabe izihlobo / abangane bayakhuthazwa ukuba babambe iqhaza ekunakekeleni abahlala khona?

Izikhungo Ezinakekela Ababuthaka

Emzimbeni

- Thola ukuthi iziphi izindleko ezengeziwe ezidingekayo noma ukuthi likhona yini ilungiselelo lokunakekela ababuthaka emzimbeni, ngisho noma ekuqaleni kungadingeki.
- Bakhona yini abasebenzi abaqeqeshwe ngokukhethekile abangabahlengikazi kuleli khaya? (Kufanele kube noSista Oqeqeshiwe, hhayi nje uMhlengikazi Ongumsizi/ uStafunesi).
- Ingabe kudingeka usebenzise udokotela waleli khaya noma ungaya kudokotela wakho?
- Ingabe izivakashi zivunyelwe ukuvakashela ngokuthanda isikhungo esinakekela ababuthaka emzimbeni?

- Ingabe kukhona ukukhubazeka noma isifo abangakwazi ukubhekana naso kuleli khaya?
- Amaphilisi, imithi namaphilisi amadala alahlwa kanjani kuleli khaya?
- Ziyaqashelwa yini kuleli khaya izincwadi zamafa ezikhishwa wumuntu esaphila?

Okunye

- Ingabe ikhona indawo ebonisiwe yababhemayo neyabangabhemi?
- Ingabe kuyakhuthazwa ukuba nezilwane zasendlini ezifuywayo ngokusiza kwazo ekwelapheni futhi ingabe zivunyelwe kuleli khaya?
- Ingabe abahlala khona bavunyelwe ukuba babe nezabo izilwane zasendlini ezifuywayo?
- Ingabe izingubo zihlanzelwa emagcekeni aleli khaya noma zithunyelwa ngaphandle?
- Ingabe abahlala khona bayokwazi ukwanelisa izidingo zabo ezingokomoya kuleli khaya?
- Ikhona yini indlela yokuthutha abahlali lapho beya ezitolo / beshaywa umoya / noma beya kodokotela?
- Uma abahlala khona besakwazi ukuzenzela izinto bangaba yini nezimoto zabo emagcekeni ale ndawo? Ikhona yini indawo yokupaka elondekile efinyeleleka kalula?
- Zikhona yini izikhalazo / amacala aseke aba khona ngaleli khaya?
- Ingabe linayo inqubo-mgomo elandelayo ngokuxhashazwa kwasebekhulile? Kusingathwa kanjani uma kube khona?
- Uma abahlali befisa ukuhamba kuleli khaya kumelwe bafake isaziso kusasele isikhathi esingakanani?

Amaphuzu:

_____

_____

_____

_____

_____

_____

_____

_____

Contact us:

Tel: (021) 421 0077/78
Email: info@dementiasa.org
Or support@dementiasa.org

3rd Floor,
State House,
3 Rose Street,
Cape Town

P.O. Box 16421
Vlaeberg
8018

DEMENTIASA
managing alzheimer's and dementia care

www.dementiasa.org